

PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



I-NIXTAMALISATION – ingeza i-value emmbileni wakho

I-GRAIN SA FARMER DEVELOPMENT IGQUGQUZELA ABALIMI UKUBA BENGEZE I-VALUE KOKUSANHLAMVU KWABO. EYODWA YEZINDLELA ESIYETHULELA ABALIMI KUPHROGREMU YETHU YOKUQEQQESHA IBIZWA NGE-NIXTAMALISATION.

I-Nixtamalisation yindlela ekhethekile yokulungisa ummbila, nokunye okusanhlamvu okufana namabele, ukukhulisa umsoco phecelezi *nutritional value* futhi uwupheke ngezindlela ezahlukene futhi ubhake. Ummiba uyasokhwa uphekwe ku-*alkaline* encibikilisiwe (*i-lime water*), uyawashwa ususwe iziphephesi (izingubo ezingaphandle zommbila ziyanhanjiswa kule nqubo futhi zingagezwa zisuswe emmbileni).



U-Jenny Mathews, umbhaleni wePula Imvula. Thumela i-imayili
ku-jenjonmat@gmail.com

Le nqubo kukholelwa ukuthi isusa cishe u-90% - 97% we-aflatoxins emmbileni. Yiso le sizathu esenza ukuthi kukholakale ukuthi yindlela eba-lulekile okufanele abalimi bayifunde. Emva kokugeza ngokucophelela okusanhlamvu okusokhiwe, ama-*kernel* ommbila manje abizwa nge-nixtamal,



IZWI LIKA...

Jerry Mthombothi

UMNYANGO WEZOLIMO, I-GRAIN SA, ABATHUMELI BAMA-/INPUT, NEZINYE IZINHLANGANO ZIQEQESHA ABALIMI UKUBA BALANDELE IZINDLELA EZIFANELE ZOKUKHIQIZA. ABALIMI BAQEQQESHELWE UKUPHATHA UMHLABATHI, UKULAWULA IZINAMBUZANE NEZIFO, IMIGOMO YE-CONSERVATION AGRICULTURE NOKUNYE OKUNINGI.

Abalimi banikezwa amakhono okuthi kufanele benze njani ukuze bakhiqize imikhiqizo eyikhwalithi ephambili nokuthi bathole izivuno eziphezulu. lyodwa vo into eyinkinga kubalimi isibonelo ukweswela imishini efana namaripha, amaplanta kanye nama-*boom sprayer* ukuze balungiselele inhlabathi yabo ngokufanelekile futhi babe nenhlabathi ejulile ezoba namadileni azosebenza kahle, nestraksha esihle senhlabathi nesikwaziyo ukubamba amanzi namanyuthriyenti.

Ukuqasha ama-implimenti epulazi kosonkontileka endaweni sekubiza kakhulu kubo futhi abalimi begcina bethatha izindlela ezi-nqamulelayo ngokuthi bengawenzi umsebenzi ngokufanelekile. Uma umlimi efuna ukulima ngempumelelo kudingeka engathathi izindlela ezingqamulelayo ngoba lokho kuzokwenza athole sivuno esiphansi futhi ingabuyi le mali abayisebenzisile ngenkathi belima. Esikhathini esedlule, kwenzekile ukuba abalimi bathole usizo ngemishini, kodwa inking kwaba ukuthi labo bantu ababenikwe igunya lokubheka labo bogandaganda namanye ama-implimenti epulazi babengakwenzi kahle. Babeqasha abashayeli abangafanele noma ababengaqeqliwi ngendlela ukusebenzia labo gandaganda futhi bengawasevisi ama-implimenti epulazi. Enye inkinga kwaba ukuthi lawo ma-implimenti ayehlomulisa abambalwa kuphela.

Kulezi zinsuku uMnyango wezoLimo eMpumalanga ngohlelo i-Land Care Programme, ikwazili ukunikeza ama-planta nama-*boom sprayers* abalimi ukuba aphathwe ngama-study groups ahlukene akwa-Grain SA. Balawula ukusetshenziswa kwama-implimenti futhi baqinisekise ukuthi uma kuhona amaphathi ephukile, bathenge amaphathi amasha bawa-fake. Ilungu ngalinye lifaka okuthize ukuze imali izosetshenziswa ukupasha ogandaganda abazodonsa lawo ma-planta nama-*boom sprays* nokuthi bakhokhele abantu abasebenzia lawo ma-implimenti. Ikhona inqubekela phambili ebonakele emhlabeni wokulima wabalimi njengoba abasatshali ngesandla izilimo zabo ngesandla kodwa sebesebenzia lawo ma-impliment okulima.

Ukuze kube yimpumelelo ukuqala izinto ezifuze lezi, ubambiswane oluqinile lubalulekile ukusiza abalimi bethu ukuba basukume bame ngezinyawo futhi balime isikhathi eside. Sithanda ukukhuthaza bonke abalimi nababambe iqhaza ukuba basebenzisane njengethimba ukuze bathole izixhazululo zokuguqula le mboni ngokubambisana. ■

I-Nixtamalisation...



Ama-kernel ayagaywa, agayisiswe futhi aphroseswe kukhandwe inhlama imasa.

ayagaywa, acoleke futhi aphroseswe ngamanzi amancane kwensiwe inhlama yommbila ebizwa nge-masa (**Isithombe 1a neSithombe 1b**).

Le inhlama imasa ingasetshenziswa ngezindlela eziningi ezahlukene, isibonelo: amaqqashana amancane emasa enziwa amabhola enziwa isicaba afane namadiskhi amancane. Lama-*tortillas* abhakwe esitofini esishisayo noma kuhhavini. Ngokuwathosa, ama-*tortillas* nama-*tortilla strips* angaqhubeka nokuphroseswa abe ama-*tortilla chips* (noma imikhiqizo efanayo). IMasa nayo ingasetshenziswa ukwenza amashipsi ommbila. Inhlama futhi nayo ingahlanganiswa nofulawa kwensiwe amakhekhe, amaqebelengwana (iskoni) nama-*flapjacks*. Izinto ongazenza impela aziqedwa njengomcabango!

Mayelana nokugcinwa, imasa ingomiswa futhi ngokuhamba kwasikhathi imanziswe ukuze iqhubekе nokuphroseswa. Ufulawa wemasa eyomile ungakhiqizwa nge-nixtamal emanzi kancane igaywe icoleke ngaphansi kwezimo ezomile. **Ufulawa wemasa** owomile ivamisa ukusetshenziswa ekukhiqizweni kwama-*tortillas* angenisa inzuko.


NGABE ISIZA NGANI I-NIXTAMILISATION?

- Yenza ummbila unambitheke kangcono.
- Isusa uphephesi Iwangaphandle Iwezinhlamu phecelezi *corn*.
- Ikhulisa i-value yomsoco – yakha i-Niacin/iVitamin B3/Tryptophan (i-amino esidi) ukuba khona kwayo kuvikela ukuntuleka kokudla okunomsoco phacelezi malnourishment – ikakhulukazi i-pellagra.
- Amazinga e-phytic esidi avamise ukuba phezulu emmbileni. Lokhu kunciphisa ukumunceka kwe-iron, i-zinc nekhalsiyamu yommbila esiwudlayo futhi lokho kungaholela ekuntuleni amaminerali ngokuqhube kaewikhathi. Iphrosesi ye-nixtamalisation inciphisa amazinga e-phytic esidi.
- Le phrosesi ikhulisa ikhalsiyamu eyikhwalithi nephrotheni eyikhwalithi eyenziwa yaba khona emzimbeni.
- I-Mycotoxins ikunciphisa kakhulu lokhu – inqubo ye-nixtamalisation ikunciphisa kakhulu lokhu – ngo-90%. Lo mkhuba wesintu inomthelela omkhulu ngesimo somsoco wezinhlamu. Ngalokhu, singathatha ukudla okucogobezela kakhulu, futhi sikwenze kunotha ngomsoco.
- Ama-granules esitashi agayeka kalula.
- Ummiba ugayeka kalula.
- Yenza ukwazi ukwenza ukuguqula ummbila ube yinhlama ebizwa ngemasa.

Le *nixtamal* ingasetshenziswa noma iphekwe njenge *kernel* ephelele noma igaywe kwensiwe imasa (le ngxube enamfuzelayo nemanzana ingasetshenziswa ngezindlela eziningi).

Le nqubo ingaqedelwa ku-*food processor* (Isithombe 3a neSithombe 3b). Uma ingahlangani ibe inhlama ethambile, kungengezwa amanyi amanzi, utheli isipunu esisodwa kuya kwezimbili ngesikhathi. Ekugcineni izohlangana ishuba, kube yinto efana nenhlama. Amaqowwana angathatha cishe imizuzu e-4 kuya kweyi-5 ngalinye ku-*food processor* ngaphambi kokuba kukhandeke inhlama enhle. Uma inhlama imanzi kakhulu, kunzima ukuyibamba. Uma uyomisa kancane le nhlama, umane ulenze isicaba leli bhola eliyindilinga njengegalufu noma uyisebenzise nganoma iyiphi indlela oyithandayo. Le ngxube nayo ingomiswa futhi igaywe emva kwesikhathi yensiwe ufulawa osetshenziswa ezinkweni nasekubhakeni.

1 Ama-kernel ommbila.



Gezisisa okusanhlamvu kukholenda.



imizuzu e-4 kuya kwe-5 iku-food processor yenza inhlama eqinile.



NGABE YINI EBANDAKANYA LE NQUBO?

1

Ama kernel ommbila (noma ummbila onombala onjani) ufakwa ebhodweni.

Qaphela: Leli akufanele kube yibhodwe le-aluminiyamu – Yibhodo lesintu kuphela i-cast iron.

2
3

Ummiba ke ucwiliswa wonke umbozwe amanzi.

Faka amalitha amabili amanzi, uthela izipunu ezimbili ze-slaked lime (i-calcium hydroxide, engathengwa emakhemisi), encibikiliswe ngamanzi ashisayo.

Qaphela: Sebenza ngokucophelela nge-slaked lime. Qinisekisa ukuthi umoya ungena ngendlela efanele, ukuze intuthu ingahogeleki. Ungazifaki izandla zakho ku-lime water. Thela ummbila osokhiwe nokusanhlamvu kuthele esisefeni sekholenda (Isithombe 2) ugezisise futhi–uwugoqoze ngokhezo lokhuni noma ugqoke amagilavu ngenkathi uwasha i-lime kuma kernels. Kugezisise ngokucophelela okusanhlamvu. Ukuthintana nakho uma ungavikelekile kungadala ukubaba esikhumbeni noma umonakalo ephashini. I-Slaked lime iyababa futhi kufanele isetshenziswe ngokunakelela.

4

Ummiba nengxube yamanzi kuyabiliswa isikhathi esingaba yimizuzu eyi-10 kuya kweyi-15.

Qaphela: Kungenze ka ukuthi ummbila uwupheke ngo-kweqile. Uma ucwilisa isikhumba esingaphandle sonke se-kernel, okusanhlamvu kuzomunca amanzi, isitashi sizothekelza sifane nojeli, okusanhlamvu ngeke kusayilungela imasa.

5
6

Ngaleso sikhathi ibhodwe liyasuswa emlilweni ukuze liphole ubusuku bonke – noma okungenani amahora ayisishiyagalombili.

Ekuseni okulandelayo, uzobona ukuthi umbala ushinsthile, neziphephesi sezithambile. Isinyathelo esilandelayo ukuthela ummbila kukholenda bese uwugeza ummbila ngamanzi ahlanzekile sonke isikhathi uwuhlikihle ngezandla ujisuse zonke iziphephesi.

Qaphela: Lokho ukususa i-pericarp (Ifiga 1), ye-kernel yommbila ukuze lo buchwephesh busize ukunciphisa amazinga okunkubezeka okudalwa yi-aflatoxin fungal kwama-kernel ommbila ngamaphesenti athile. Kungashivo ukuthi le nqubo ye-nixtamalisation ineqhaza eliqonde ngqo lokuphepha kokudla kubathengi.

7

Manje ke lokhu okusanhlamvu kubizwa ngokuthi yi-nixtamal. ■

Ukuphatha okungakhethwa kwezilimo eziyisembozo ngoSepthemba

ZILIMO EZIYISEMBOZO ZINGADLALA INDIMA ENKULU EKWENZENI NGCONO ISISTIMU YETHU YEZILIMO PHECELEZI *CROPPING* YAMANJE NOKUVULA IZINDLELA EZINTSHA YOKUNGENZI NGCONO KUPHELA I-UKEWHLU-KAHLUKA KWEZIMPILO ZESISTIMU YETHU, KODWA KUBE NAMATHUBA AMASHA AMADLELO.

UMLANDO

Kubalulekile ukwazi ukuthi inhlabathi akuyona yodwa eyenza izitshalo zime zithi mpo, kodwa i-sistimu ephefumulayo ephilayo equkethe ikhemikhali, nezinhlaiya zemvelo nezesayensi yokuphilayo. Ubuhe bezilimo eziyisembozo ukuthi zingazithinta zozintathu lezi zindawo. Ukukhetha inhlanganisela yezilimo eziyisembozo kungasiza ekuqedeni ukuminyana ngaphandle kokuthi kuwele ngemuva kwegeja. Uhlobo olulodwa lwezilimo eziyisembozo lungasiza ekucindezeleni ukhula. Isibonelo esihle yi-*Saia oats*. Uma inhlanganisela iqukethe ama-seriyali amanangi esilimo lokho kungaletha isembozo esihle kakhulu senhlabathi ngesikhathi sezinyanga ezinde ezi-shisayo futhi ngalokho ke kuvikela inhlabathi eelangani elivuthayo. Izilimo ezikhethiwe kule ngxube nakho kungasiza ekwenza amanyuthriyenti aye-valeke enhlabathini atholakale kakhulu esilimeni elilandelayo, okungancipha isidingo sikamanyolo ngonyaka olandelayo. Okubalwa kuzo nezilimo ezithela imidumba kuzilimo eziyisembozo kunganikeza inayithrojini yamahhala kulezi zilimo ezilandelayo.

Zintathu izindlela ezingakhethwa zokuphatha kwezilimo eziyisembozo ezibizwa, nge-*mulching*, ihhoi noma ukudla kwemfuyo. Okukodwa kunobuhle nobubi bakho. Isifundweni se-Langgewens Research Farm kwakhonjiswa ukuthi idlelo namahlamu phecelezi *mulching*

U-Dr Johann Strauss, i-Directorate Plant Sciences, Research and Technology Development Western Cape Department of Agriculture. Thumela i-imayili ku-johannst@elsenburg.com



isilimo esiyisembozo sinomhlulo omkhulu kunokwenza ihhoi yesilimo esiyisembozo. Amanyuthriyenti amanangi ayekhona enhlabathini nasele enhlabathini engaphezulu ezinsaleleni kunokuba ngabe izilimo eziyisembozo zenziwa ihhoi. Ukuhlaziywa komsoco nakho kukhombisa ukuthi i-*multispecies* yezilimo eziyisembozo ingalethela izilwane idayethi enomsoco, nokungaba nomthelela wokwehla kwezindleko zokudla okuyisichibiyelo phecelezi *supplemental feed*.

UKUPHATHWA KWEZILIMO EZIYISEMBOZO

Ngeshwa imbewu yezilimo eziyisembozo iyabiza futhi ke inhoso yokuphatha kwezilimo eziyisembozo ukugcina izindleko zamanye ama-*input zi-minimum*, noma zingabikhona nhlobo. Ophenyweni lwethu lokutshala isilimo esiyisembozo asiwufaki nhlobo umanyolo, kodwa ungawufaka umanyolo omncane (ongaphansi kuka-10 kg wenayithrojini i-ha) ozosebenza njengokuqalis. Asifuthi ngama-*herbicides*, ama-*insecticides* noma am-*fungicides* ngesizini. Ngo-Septhemba siyazisusa izilimo eziyisembozo ukuze siqinisekise ukuthi ayikho imbewu ezomila.



Isithombe 1 - 3: Izindlela ezintathu zokuphatha izilimo eziyisembozo.



2

Ukusebenzisa izilimo eziyisembozo ezsentshenziswe

njengamahlamu phecelezi i-mulch

Izilimo ezikhethiwe eziyingxene yengxube nazo zizodlala indima ekukhetheni kwakho ngendlela oyisebenzisile ukususa izilimo eziyisembozo. Uma kunembewu eningi yesilimo sesiriyali kule ngxube, kuba lula kakhulu ukususa izilimo ezenabayo kuphela. Uma kukhona inani elikhulu lezilimo ezithela imidumba ezifana nama-vetch ne-clovers kule ngxube, ngeke zisebenze ngokungako futhi ngaleso sikhathi omunye engangeza nge-herbicide applikheshimi ethintayao okulandela i-roller.

Ukususa isilimo esiyisembozo esomisiwe

esisetshenziswe njenge-hay

Uma usebenzisa izilimo eziyisembozo njengesilimo se-hay kubalulekile ukunquma isilimo ngaphambi kokuba kuqale ukuhluma kwembewu. Ku-qinisekisa ukuthi akukho ukuqhubelekisa imbewu phambili ingasebenza njengokhula lwestilimo esilandelayo. Ukuhluma kabusha kwezilimo ukulandela inqubo yokwenza i-hay ngeke kube nomdlandla owanele ukunikeze isiqinisekiso sokusebenzisa i-crimping roller. Lapho ke i-hebicidle ethintayao iyona kanye efanele. Ngokujwayelekile lolu hlobo lwestilimo esiyisembozo sisebenzisa amahlamu kancane kakhulue ukwemboza umhlabathi ongapezulu ngasekupheleni kwesizini. UKusikela i-hay, phezuldlwana kancane kungayixazulula le nkinga.

Ukuphelisa okulandelwa ukudlisa imfuyo

Umqondo wokudlisa imfuyo izilimo eziyisembozo ukubuyisa enye yemali esetshenziswe ngenkathi kutshalwa izilimo eziyisembozo ngokukhiquza inyama noma ubisi. Kuya ngesimo seklayimethi ngesizini, isilimo esiyisembozo singadliwa kaningi. Amathuba amanini okudlisa azoncika ekutheni ukuhluma kabusha kwenzeke kangakhi. Inani elikhulu lemfuyo isikhathi esifushane yikhona okufunekayo. Uma ufuna ukukhulisa ukulima isilimo esiyisembozo kusistimu yedlelo, ukufaka kancane i-topdressing kungasebenza kahle ukuqinisa ukuhluma kabusha. Ungakkohohlwa ukuthi sizama ngakho konke ukugcina imetheriyali ezosala ngasekupheleni

kwesizini enhlabathini engaphezelu ngasekupheleni kwesizini ukuze uvikelele kuklayimethi. Noma yikuphi ukuhluma kabusha ngasekupheleni kwesizini kungakhishwa ngezilimo ezinabayo noma nge-herbicide ethintayao.

ISIPHETHO

Izilimo eziyisembozo zingavula amathuba amasha kubalimi ngezindlela eziningi. Okwamanje sisebenza ngokubala izilimo eziyisembozo ukuze sisize ngohlobo lwestilimo ngokwamaphesenti akunhlanganisela yezilimo eziyisembozo. Okwengeziwe kulokhu kuzoba umsebenzi wokudlala ngama-species akhona ukwenza izilimo eziyisembozo zithengeke. ■



3

Ukuhlelwa kwesimo sikaBhali ngo-2019/2020

KULE-ATHIKHILI SIBHEKE IZINHLELO EZAHLUKENE ZOMKHIQIZO KABHALI, KUSUKELA ENHLOSWENI YOKUTSHALWA NE-AVAREJI YESIVUNO.

Ngokwe-Crop Estimates Committee (CEC), indawo okulindeleko okulindeleko ukuba kutshalwe kuyo umkhiqizo kabhalo ka-2019 u-118 500 wamahektha (**Ithebula 1**), iqhathaniswa no-119 000 wamahektha, nesilimo esiyifayineli sika-421 500 wamathani ngo-2018.

Umkhiqizwa unqunywa yindawo nesivuno; kodwa, lokhu kuquguka kokubili kuncikene nesimo sezulu. Ngenxa yokungabaza okudalwa yisimo sezulu ngezinhloso zokutshala, le athikhili iletha imiqondo yezinhelelo ezahlukene isebeenzisa i-Crop Estimate's Committee yendawo etshaliwe ne-avareji yesivuno seminyaka emithathu edlule njengesilinganiso sokuhlawumbisa ngomkhiqizo ka-2019.

Ithebula 2 kunendawo etshaliwe ku-x-axis nesilimo esinhlosiwe maphakathi kanti isivuno siku-y axis. Ku-x-axis, sinamaphesenti ayi-5% oqhezuka kwinhloso kuya ngasesinxeleni nakwesokudla, okukhombisa ukuthi umkhiqizo wokugcina ungaba u-5%, 10% noma ube ngaphezulu kuka-15% noma ube ngaphansi kwenhloso ye-CEC. Ku-y-axis, sinokuqhezuka ngaphezulu nangaphansi kwesivuno esiyi-avareji ka-4 t/ha. Ukusebenza kusukela enkabeni yethebuli, uma u-118 500 wamahektha atshaliwe nesivuno sika-4 t/ha, lapho umkhiqizo uzoba u-474 000 wamathani.

Ukuya ngasesinxeleni sethebula, uma okutshaliwe kwehle ngo-15% (100 725 wamahektha) bese isivuno sihlezi ku-4 t/ha bese kuthi umkhiqizo uzoba u-402 900 wamathani. Uma usebenza uya ngakwesokudla sethebula, uma okutsheliwe kwengezeke ngo-15% ngaphezulu kwenhloso, nge-avareji yesivuno sika-4 t/ha, lapho ke umkhiqizo uzolininganiselwa ku-545 100. Lo msebenzi ungenziwa ezindaweni zonke ezitshaliwe nenlanganisela yesivuno.

ISIMO SEZULU EZIFUNDENI EZILIMA UBHALI


Ukubheka amazinga amaphuthu phecelezi *precipitation index* enyanga e-ARC *index*, isomiso esibabazekayo endaweni esemajukujukwini ezindaweni ezsiningizimu netshonalanga yeNtshonalanga neKapa ziyanbonakala esikalini sesikhathi eside (izinyanga ezingama-24 nama-36) nengoba kwethulive kwaze kwaba sekupheleni kuka-Meyi 2019, nezimpawu zobungcono ezinyangeni ezyishumi nambili kuya kweziyisithupha.

Ezindaweni ezsinyakatho nempumalanga zezwe kanye nezingxenye ezmaphakathi, izimo ezingcono ziyabonakala ezinyangeni ezyisithupha ezedlule (**Ifiga 1**) emva kesimo esingcono semvula kulezo zindawo ngasekupheleni kwehlobo/nekwindla ngo-2019. Isamba semvula yango-Meyi 2019

**U-Ikageng Maluleke, i-Junior Economist,
yakwa-Grain SA. Thumela i-imayili
ku-Ikageng@grainsa.co.za**



1 I-Standard precipitation index (SPI) eNingizimu Afrika ezinyangeni ezyisithupha (Disemba 2018-Meyi 2019).



Umthombo: ARC, 2019

ezingxenjeni ezsentshonalanga kusabalalele enkabeni emaphakathi yedlu-lele ngaseningizimu kuya engxenjeni ewuhafu weNtshonalanga neKapa iqhathaniseka kahle kakhulu nomlando wezinyanga eziba nemvula zikaMeyi.

Ezingxenjeni ezseningizimu-nentshonalanga yezwe, isamba se-zimvula bezifana nalezo zesomiso sikaMeyi ngokomlando. Izilimo ezingaphansi kohlelo lokunisela, kufanele kube yisizini enhle ngoku-jwayelekile, njengoba amadamu ezweni lonke asemazingeni empilo.

1 Isaplayi kabhalo wokuvubela nedimandi ka-2019.

	I-CEC inhloso yokutshala (ha)	118 500
I-avareji yesivuno (t/ha)	4,00	4,00
Izitzoko okuqhutshewo nazo 2018/2019 (amathani)	166 800	166 800
Isamba esithengiwe (thani)	326 000	326 000
Isitoko esizayo (\pm 1,5 wezinyanga) (amathani)	129 000	129 000

2 Ukuhlaizywa komkhiqizo kabhalo kusetshenziswa indawo etshaliwe nesivuno.

		Indawo etshaliwe (ha)						
		-15%	-10%	-5%	OKUHLOSWE YI-CEC	5%	10%	15%
Isivuno (t/ha)	100 725	106 650	112 575	118 500	124 425	130 350	136 275	
	2,34	235 697	249 561	263 426	277 290	291 155	305 019	318 884
	3,75	377 719	399 938	422 156	444 375	466 594	488 813	466 594
	4,00	402 900	426 600	450 300	474 000	497 700	521 400	545 100
	4,25	428 081	453 263	478 444	503 625	528 806	553 988	579 169

*Ulwazi kusukela kumhla ka-24 Juni 2019

CABANGA NJENGOSOMABHIZINISI

NGOKWEJWAYELEKILE, SIGCIZELELE KUMA-ATHIKHILI ETHU UKUTHI IZINSELELO ZOKULIMA ENINGIZIMU AFRIKA ZIYA NGOKWANDA. ABALIMI BETHU BAHLANGABEZANA NEZINSELELO EBHIZINISINI LABO LEZOLIMO, NOMA ZINCANE NOMA ZINKULU, NGOKUSEZINGENI ELIPHEZULU. SIHLANGABEZANA NOKUNGAVIKELEKI KWEZEPOLITIKI OKUKHULU, IZINSELELO EZININGI ZEZOKUMAKETHA, KANYE NOKUNCIPHA KWEZIMALI KAKHULU KANYE NOKUGUQUKA KWEKLAYIMETHI, UKUSHO NJE IZINSELELO EZIMBALWA.

Ngakho-ke, emhlabeni webhizinisi wanamuhla, ikakhulukazi kwezolimo, isimo nhlalo sezebhizinisi siguquka njalo nokuhlehlala kwenza ukuphila kube nzima kakhulu.

UKWENZA IZINHLOBONHLOBO

Kuma athikhili adlule sisigcizelele isibonakalo sokulenza izinhlobonhlo zebhizinisi ukuze sizixazulule lezi zinselelo. Yenza uphenyo ukuze ulihlu-kanise ibhizibisi lakho libe amabhizinisi abalwa ahlose ukukhulisa imali engenayo futhi ulawule ubungozi. Ubuhe bokuhulukanisa – ukwenza ngcono i-cash-flow, ukusabalalisa ubungozi, ukwandisa inzuzu – yedlula okubi. Uma ungacabangi ukulenza izinhlobonhlo ibhizinisi lakho, kuzoba nzima ukuba uphile njengomlimi eNingizimu Afrika. Kodwa, iningi lenu lizophikisana nalokhu bethi ipulazi lincane kakhulu ukwenza izinhlobonhlobo. Lokho kungaba yiqiniso kodwa zikhona ezinye izindlela zokwenza izinhlobonhlobo lapho i-agritourism ingenye yazo.

Ngokwejwayelekile ukwenza izinhlobonhlobo kusho inhlanganisa yamabhizinisi ezolimo angeke abe nobungozi abufanayo. Ukwenza isibonelo, ukwehlukanisa izilimo ezikhula ngezikathhi ezalhukene nengasheshi ukuzwela esomisweni. Ukungeza ibhizinisi lemfuyo kuyokuba nomthelela omkhulu wokwehlisa ubungozi. Kodwa khumbula, ukuba namabhizinisi ahlukene, nomsebenzi we-agritourism ilokho nje, ubungozi obuningi buyavinjelwa.

Umlimi ngokuvamile uzocabanga ukuthi akanalo ikhono nezinsiza (izimali, impahla, isitafu noma imisebenzi) ukuvulela izivakashi amapulazi. Kodwa, usomabhizinisi uzobona ukuthi awudingi indawo yokuhlala eyi-five-star noma imisebenzi edidayo eheha izivakashi. Gxila ezintweni ezingavamile nemisebenzi engaphazamisi ukulethwa kwezidingo futhi kube uyena obonayo ukuthi iseizingeni eliphezulu.

Ukuqinisa emathubeni e-agritourism kungakufakela imali engeziwe futhi kungaba yindlela youphila kulabo okuba nzima kubo ukugcina ibhizinisi labo lokulima lenza inzuzu.

I-AGRITOURISM

Uma ucabanga ngolina ukwenza i-agritourism kufake engqondweni yakho ukuthi indawo okuyo iyona ewukhiye wempumelelo yakho. Ukuba lula nokungena kalula epulazini ithuba elihle kakhulu. Ngalokho, ukuba seduze nedolobha elikhulu noma idolobhakazi elinemigwaqo engcono noma ukuba seduze komgwaqo omkhulu kuzokuqiniseisa amathuba okufynelela. Esikhathi esedlule ku-Farmer's Weekly, kwakukhona i-athikhili yomlimi wewayini usepulazini elincane owabona ukuthi ukuqhadelana

U-Marius Greyling, umbhalawi Pula Imvula. Thumela i-imeyili
ku-mariusg@mca.co.za



nama-brand aziwayo ewayini ezimakethe ezhleliwe kuzoba yinselelo enku-lu. Ngenxa yendawo enhle, eseduzane ne-Cango Caves ne-Oudtshoom eheha izivakashi eziningi, bangena ebhizinisi elisha lokuvakashela epulazini phecelezi i-farm agritourism elinerestorenti elincane nendawo yokuzwa ukunambithekwa kwewayini phecelezi i-wine-testing ene-brand yayo yamawayini nobhiya. Ishedi endala yokugcina impahlala epulazini yaguqu-lwa irestorenti kanye nendawo yokuzwa ukunciphisa izindleko zokusunga-la. Ngenxa yomkhiqizo owehlukile kanye nesevisi ephambili, ukumaketha kwabo okubalulekile kulezi zinsuku zihamba ngezokuxhumana phecelezi i-social media kanye nokuxoxelwa.

Izivakashi zethu namuhla zifuna ukwenza ezinye izinto – zifuna izinto ezechlukile ezingaphandle kwamadolobha. Izivakashi ngokuvamile futhi zifuna ukuthenga ama-athikhili akhiqizwa endaweni nempahla. Ukuqinisa emathubeni e-agritourism kungakufakela imali engeziwe futhi kungaba yindlela youphila kulabo okuba nzima kubo ukugcina ibhizinisi labo lokulima lenza inzuzu.

Qala kancane, isibonelo, ungaqala ngekamelu elilodwa lokulala elinombhede nendawo yesidlo sasekuseni ne/noma irestorenti nokudla kwesintu kwasendaweni ne/noma isitolo esincane ikakhulukazi esidayisa amathikhili endawo nozakhele khona endaweni. Ngeza imisebenzi yangaphandle – ama-cycle trails, ukugibela amahhashi, uhambo lokuzijabulisa ngenqola edonswa yizimbongolo, inqola edonswa yezinkomo, uganda-ganda nenqola, ithuba lokudoba – ukuqinisekisa ukuthi ihale ikhona imali engenayo. Wandise ngokwedimandi.

Zolo lokhu bekukhona idokumentari ku-TV emayelana nensizwa yaseKenya, manje esihlala eKapa, eyaqala ibhizinisi lama-flippers amadala. La ma-flippers anamathiselwa ndawonye assetshenziswa ukwakha imihlobiso emibalabala namathoyizi. Ngokwenze njalo waphinde wasungula imisebenzi – uyabakhokhela abantu abamqoqela ama-flippers amadala. Lesi ngesinye isibonelo sokucabanga njengomuntu ongusomabhzinisi.

Equinisweni, njengebhizinisi lakho lonke, leli bhizinisi le-agritourism kuzofanele nalo lilawulwe kahle ngokulihlelela kahle, inhlangano, ukumplimenta nokulawula zonke izindawo zokwengamela. Indawo eyodwa yokulavvula ezodinga ukunakwa ukumaketha. Kodwa nakhu okunye kwa-baqlayo ukuthi basebenzisa imali encane kakhulu. Iqhinga ngezinkundla zokuxhumana ukuhlala ngokuvuselela imininingwane uphinde uthole izivakashi zibambe iqhaza emsebenzini. Izwi lomlomo nalo lidlala indima ebakulekile njengesikhangisi.

ISIPHETHO

Umyalezo wale athikhili – yekela ukuzicabangela wena njengomlimi, qala ukuzibona njengosomabhzinisi/umphathi, noma ngokwetemu lanamuha usomabhizinisi, ucabange futhi wenze njengaye. Yekela ukucabanga ngokuthi ungayikhulisa kanjani imali engenayo: Cabanga ngokuthi ungayikhulisa kanjani inzuzu yebhizinisi lakho. ■



UMLIMI WONYAKA WE-GRAIN SA

– ukuklomelisa ukusebenza kanzima nokubekezela

UMNCINTISWANO WAMINYAKA YONKE I- GRAIN SA FARMER YONYAKA IGOAMILE KUBO BONKE ABALIMI KANYE NESITAFU SAKWA-GRAIN SA. YITHUBA LABO BONKE ABALIMI ABANGAMALUNGU AKHUTHELE E-PROGRAMME YOKUTHUTHUKISA ABALIMI, NOMA ABAKHULU NOMA ABANCANE, UKUKHOMBISA UKUSEBENZA KWABO KANZIMA NANGOKUZIMISE.

Laba abaqokelwe umncintiswano bamele izinkulungwane zabalimi bokusanhlamvu kule *programme* abasebenza kanzima njalo ngosuku ukuze bondle iminden yabo, abalimi abakha amabhzinisi abo kancane kancane kanye nalabo abasebenza ukwakha ibhizinisi elingenisa inzu zo leiskhathi eside.

Njengoba kungelula ukufaka bonke abalimi abafanele ukungenela, njengoba baningi kakhulu, ngakho ke labo abambalwa abakhethiwe bafana nezibonelo zalokho okungatholakala.

U-Liana Stroebel, i-Grain SA Provincial Co-ordinator, eNtshonalanga neKapa. Thumela i-imeyili ku-liana@grainsa.co.za



Lo mncintiswaso usho ukuthi ambalwa ama-*Subsistence*, ama-*Smallholder*, ama-*Potential New Era* ne-*New Era Commercial* angenele asuka esifundazweni ngasinye akhethwe ngendlela eqinile, emva kwalokho umlimi ngamunye uvakashelwa yiphanela lamajaji afika ampheke ngemibuzo umlimi ngendlela akhiqiza ngayo, ukuphathwa kwezimali, ukugcinwa kwamarekhodi, inqubekela phambili jikelele, ikhwalithi yezilimo nokunye okuningi. Singakuquinisekisa ukuthi lo akuwona umncintiswano olula noma kanjani.

Siyathokoza ukunethulela abaqokelwe i-2019 Umlimi woNyaka:


ABAQOKELWE OWE-SUBSISTENCE FARMER

UBonisiwe Berlinah Nhlengethwa



Indawo: e-Piet Retief,
e-Louwsburg
I-Co-ordinator: U-Jurie Mentz

UPhoma Duma



Indawo: Ixopo,
eNtshonalanga neKapa
I-Co-ordinator: U-Luke Collier

UMazonya Elijah Dhlamini



Indawo: e-Volksrust,
e-Louwsburg
I-Co-ordinator: U-Jurie Mentz

UVelile Madikizela



Indawo: eBizana,
eNtshonalanga neKapa
I-Co-ordinator: U-Luke Collier

UBavelile Sylvina Madlala



Indawo: e-Estcourt,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

UJabulani Emmanuel Mazibuko



Indawo: e-Bergville,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

UAmos Mfaniseni Kubeka



Indawo: e-Oshoek/e-Carolina,
eMpumalanga
I-Co-ordinator:
U-Jerry Mthombothi

UNDinda Hezekia Mkhonza



Indawo: e-Herford East,
e-Ermelo/E-Albert Lethuli
I-Co-ordinator:
U-Jerry Mthombothi

ULena Samaria Msibi



Indawo: e-Badplaas,
e-Gert Sibande
I-Co-ordinator:
U-Jerry Mthombothi

UEster Phumelele Ngidi



Indawo: e-Dannhauser,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

ABAQOKELWE OWE-SMALLHOLDER FARMER

UBheki Isaia Mabuza



Indawo: e-Piet Retief,
e-Louwsburg
I-Co-ordinator: U-Jurie Mentz

UJoconia Mthethwa



Indawo: e-Piet Retief,
e-Louwsburg
I-Co-ordinator: U-Jurie Mentz

UMfuneni Themba Mayisela



Indawo: e-Piet Retief,
e-Louwsburg
I-Co-ordinator: U-Jurie Mentz

UZamokwakhe
Nathaniel Khoza



Indawo: e-Bergville,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

UMkhombiseni
Dumdumu Hlongwane



Indawo: e-Bergville,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

UMdumiseni Welcome
Hadebe



Indawo: e-Winterton,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

ABAQOKELWE OWE-POTENTIAL NEW ERA

USabatha Ewart
Mthethwa



Indawo: e-Dannhauser,
e-Dundee/KwaZulu-Natal
I-Co-ordinator:
U-Graeme Engelbrecht

UElias Mtimkulu



Indawo: e-Harrismith,
eFreystata
I-Co-ordinator:
U-Johan Kriel

UTHobani Goodwill
Ntonga



Indawo: e-Cedarville, e-Alfred
Ndzo/eNtshonalanga neKapa
I-Co-ordinator:
U-Luke Collier

UKUHLAZIYWA KOMHLABA KWESIZINI ELANDELAYO

Z ININGI IZINDAWO OKUFANELE UGXILE KUZO UMA WENZA AMALUNGISELELO ESIZINI ELANDELAYO EMASIMINI AKHO. LO MSEBENZI KUFANELE USHESHE UQALE KUSENESIKHATHI UKUZE UZOTHOLA ISIKHATHI ESANELE SOKUHLELA NGOKUPHELELE. NGESIKHATHI AMA-COMBINE HARVESTERS EDONSELWA OGWINI UKUZE EYOHLANZWA ISIVUNO SAKHO SOKUGCINA SIDILIVWA NOMA SIGCINWA; LESO YISIKHATHI SOKUQALA UKUCABANGA NGESIZINI ELANDELAYO.

Ukuhlala uncintisana kunhlalo yendawo eguquguquka njalo umlimi udinga ukuhlala isinyathelo sakhe siphambili njalo. Kule athikhili ngizogxila kwenye yalezi zindawo: **Ukwensiwa kwamasampuli enhlabathi**. Ukuhlaziya inhlabathi yakho kufana nokufunda imephu nokuqondiswa ukuthi kufanele uye ngakuphi futhi uqondisise ukuthi iyiphi indlele ophikelele kuyo. Imiphumele kudingeka ukuba itholakale isikhathi sisekhona ukuze uthole isikhathi sokuyiqondiswa nokuthi ulandela umhlahlandlela wayo njengoba unjalo.

Kunzima ukukholwa ukuthi basebaningi abalimi abasebenzayo namuhla abangalisebenzisi leli thuluzi alibaluleke kangaka. Ngokombono wami; ukuhlaziya kwenhlabathi kufanele kube yisisekelo ozokwakhela kuso ibhizinisi lakho lokulima. Yonke into esiyenzayo njengabalimi ixhumene ngqo nenhabani. Enhlabathini yilapho kuvela khona ukudla kwethu nokuphila kwethu, yingakho kudingeka ukuba siwunakekele kakhulu. Inhlabathi iyaphila, igcwele amaminerali, amanyuthriyenti nebakhtheriya enikeza izilimo esitshalayo ukudla ezikudingayo ukuze zikhule. Uma siqhubeka nokuthatha kodwa singaphindi sibuyisele, ngalokho masinyane sizothola ukuhi lokho esikwenzayo ngeke siqhubeve isikhathi eside.

Zonke izinto eziphilayo zinezimpawu nezimo ezahlukene. Kanti futhi zinezidingo ezahlukene nezimfuno. Ezinye izinto eziphilayo zizokufa ziphele futhi zishabalale uma zinganakiwe ngendlela eyiyo. Kunjalo ke nasenhlabathini yethu! Ukuphumelela nokunakekela amazinga afanele ukuvunda, ikakhkulukazi ukuba khona kwamanyuthriyenti kubaluleke kakhulu uma umhlabla wokulima kufanele uhlale ukwazi ukukhiqiza ukudla esikudingayo njenani labantu esikhathini esizayo. Ukuhlaziya kwenhlabathi yithuluzi esidinga ukulisebenzisa ukuze sikwazi ukucinisekisa lokhu.

PHO SINGAKWENZA KANJANI?

Ukuhlaziya umhlabla kudingelwa ukubona ukuthi yimaphi amanyuthriyenti akhona eztshalo enhlabathini kanye nokuthi yimaphi amanyuthriyenti angekho. Izibonelo zalawo manyuntrhiyenti ngama-elementi afana nofosiforasi, iphotheziyamu, nemaginiziaymu. Maningi amanyuthriyenti futhi onke adlala indima ebalulekile ekugcineni iztshalo zethu.

Ukuhlaziya inhlabathi kudingeka uyicaphune ngqo isampula yenhlabathi kanye nosizo **Iwe-auger** futhi ihlaziwe **e-laboratory**. Kodwa ngeke uthathe isampuli ensimini ngayinye futhi uthathe ngokuthi lokho inkomba eqonde ngqo. Inhlabathi yendawo enkulo yehlukene yingakho kudingeka ukuba kwensiwe **i-grid** sampuli ukuze sikwazi ukuchaza amazon ehlukene omhlabla esizowulima. Ukuze uthole isivuno esiphezulu umuntu kufanele enze isampuli ngokucophelela. Igridi ngayinye ayenziwe isampuli kufanele ifakwe ebhokisini ilebulwe ngokuqondile ukuze kube lula ukuyihumusha imiphumela



**U-Gavin Mathews, i-Bachelors
in environmental management.**
Thumeli i-imeyili gavmat@gmail.com

ephepheni. Uma amasampuli ethu esefakwe ngokucophelela emabhokisini futhi iselebuliwe ungawathumela **e-laboratory** eseduze ukuba uhlolwe futhi uhlaziwe. Izinkampani eziningi ziyakhokhelwa ukuba ziwenze lo msebenzi.

SINGAWAHUMUSHA KANJANI?

Uma uthola **i-printout** yemiphumela yenhlabathi yakho ngokuvamile kuyethusa njengoba kuye kubukeke njengolunye ulimi olunamagama amakhulu, izinombolo namafiga okubukeka kunzima ukuwafunda. Ngenhlanhla, bakhona abantu abaqeqeshiwe nabafundisiwe kulo mkhakha futhi bazokwazi ukukuchazel ngemiphumela baphinde ba-kuchazele ngqo ukuthi yini edingwa inhlabathi yakho nokuthi idengeka kangakanani. Iningi labadayisi bakamanyolo bazokwazi ukukunika umhlahlandlela wezincomo ezimayelana namasampuli enhlabathi oyitholile.

Enhlabathini yilapho kuvela khona ukudla kwethu nokuphila kwethu, yingakho kudingeka ukuba siwunakekele kakhulu.

NGABE YISIPHI ISINYATHETO ESITHATHAYO?

Ukuze uthole isivuno esihle kakhulu, kufanele izintshalo zakho uzinike konke ezikudingayo ukuze zikhule. Eqinisweni, kudingeka uyigcine engqondweni ibhajethi. Khumbula ukuthi ungakwazi ukwakhela ekwenzeni ngcono inhlabathi yakho isikhathi eside kunokuba wezame ukwenza konke ngonyaka owodwa bese uphelelwa yimali kuleyo nqubo. Uma nje uqhubeka nokwenza ngcono futhi uthola imiphumela engcono lapho uphokophelele endaweni efanele.

Uma usuyihumushile imiphumela yamasampuli enhlabathi kudinge unqume ukuthi yimuphi umkhiqizo kamanyolo ofisa ukuwusebenzisa ukuze ulungise inhlabathi yakho kahle kakhulu. Ngaleso sikhathi uzodinga ukufaka i-oda enkamanini kamanyolo isikhathi sisekhona ukuze uthole isikhathi sokuwufaka ngokuqondile ngespreader ngokwezidiso ze-grid. Kubalulekile ukuba uku-khalibretha kuqonde ngqo ku-aplaywe inani elifanele likamanyolo.

Ukunakekela nokwakha umanyolo wenhlabathi yethu yokulima kubaluleke kakhulu, hhayi kuphela kithi namuhla, kodwa ikakhkulukazi nasesizukulwaneni esizayo. Ukuhlaziya kwenhlabathi nokuhunyu-shwa kwayo yithuluzi elibalulekile lokuphatha elingasisiza siphumelele isikhathi eside. ■

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

46 Louw Wepener Street
1st Floor
Dan Pienaar
Bloemfontein, 9301
■ 08600 47246 ■
■ Fax: 051 430 7574 ■ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
■ 082 854 7171 ■ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za

UMLINGANI WEZOKUSHICILELA

INFOWORKS
Johan Smit ■ Ingrid Bailey ■ Marisa Fourie
■ 018 468 2716 ■ johan@infoworks.biz



Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za
■ Office: 013 755 4575 ■ Smangaliso Zimbili

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za
■ Office: 034 907 5040 ■ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)
■ 082 650 93157 ■ dundee@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8069 ■ Nkosinathi Mazibuko

Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)
■ 083 730 9408 ■ goshenfarming@gmail.com
■ Office: 039 727 5749 ■ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8057 ■ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8038 ■ Lebo Mogatlanjane

Sinelizwi Fakade

Mthatha
■ 071 519 4192 ■ sinelizwifakade@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8077 ■ Cwayita Mpotyi

IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.


Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

10 Umlimi woNyaka we-Grain SA...

ABAQOKELWE OWE -NEW ERA COMMERCIAL



UStoffel Tawa Dhladhla



UPaulus Mapota Mosia

Indawo: e-Kestell, eFreystata
I-Co-ordinator: U-Johan Kriel

Indawo: e-Edenville, eFreystata
I-Co-ordinator: U-Johan Kriel



UAldreda Stephanie
Mars



UAndries Isak
van der Poll

Indawo: e-Moorreesburg,
eNtshonalanga neKapa
I-Co-ordinator: U-Liana Stroebel

Indawo: e-Riebeeck-Wes,
eNtshonalanga neKapa
I-Co-ordinator: U-Liana Stroebel

WORDS OF
WISDOM



If you are working on something exciting that you really care about, you don't have to be pushed. The vision pulls you.

~ STEVE JOBS

